# UbuNkulunkulu BukaJesu Kristu

Mfowethu Graham, ngiyabonga. Sanibona, nonke, noKhisimuzi omuhle kini nonke. Sijabula kakhulu ukuba sibuye sibuye futhi kulokhu ukusa, lapha eTabernakele, ukuba naleliqembu elithandekayo elincane.

2 UMfowethu Graham nami besixoxa nje phakathi lapho, udaba. Wathi, "Mfowethu Bill, kukhona onakho enhliziyweni yakho kulokhu ukusa na?"

3 Ngathi, "UKristu nje." Amen. Yilokho kuphela. Njalo sinakho lokho. Ngakho lokho sekwejwayelekile kithi, ukuthi sinaYe.

4 Ngingene sekuleyithi izolo, ngivela eDallas lapho ebesine . . . omunye wemihlangano emihle kakhulu. Nento ebesiyikhulekela, manje ilungiselela ukwenzeka. Sekuyikho vele ukuhlangana komhlangano khona manje, lokho kungukuthi, wemvuselelo yesizwe-jikele. Bonke abefundisi, izolo, i . . . noma izinsuku ezimbalwa ezedlule, ebezinanoma yimuphi usayizi nobukhulu bengqondo yomfundisi noma izinkonzo sahlangana ndawonye e—eDallas ngalengqungquthela. Futhi bukukhona ishumi nanhlanu, abefundisi abayishumi nesishiyagalombili lapho o—onenkonzo ethatha nomaphi phakathi kwezintathu noma izinkulungwane eziyishumi nanhlanu, mhlawumbe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili. URaymond T. Richey, isibonelo nje, noBosworth, no—no-Oral Roberts, noJackson, nabobonke labobafo lapho.

5 UMfowethu Jackson, ngobunye ubusuku, emhlanganweni wakhe, waba namakhulu amahlanu emukela uMoya oNgcwele ngesikhathi esisodwa, ngakho lokho kuyamangalisa nje.

6 Futhi sonke sihlangane ndawonye izolo, ngolunye usuku, ngesivumelwano sokusebenza unyaka, ukuthi siyakholwa ukuthi uNkulunkulu ulapha ukwenza umsebenzi nokushukumisa, izwe elingakaze likubone ngaphambili. Ngiyakholwa, bangane, ukuthi si—singena nje entweni eyisimangaliso. Nalababefundisi abazoba cishe nobusuku njalo ngalelihlobo elizayo, uma iNkosi isivumela, njalo ebusuku kuzoba okungenani noma yikuphi kusukela e . . . azoba yishumi nanhlanu noma ishumi nesithupha, mhlawumbe ngaphezulu kwalokho, kubekwe amathende amakhulu, elimumatha kuze kuyofika kubantu abayizinkulungwane eziyishiyagalombili neshumi, ukuzungeza iUnited States, ngesikhathi esifanayo.

7 O, sifanele sibenemvuselelo nje manje. Isivele ihlangene, amakhulu ngamakhulu emukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, angena eMbusweni kaNkulunkulu manje. Akusiyo ngisho into esiyibhekile, kamuvanyana, kodwa i—i—isivele ikhona manje. UNkulunkulu uyayenza khona manje.

8 [UMfowethu Graham Snelling ubuza uMfowethu Branham mayelana nombhobho—Umhl.] Yebo, mnumzane, ngi . . . Yebo, Mfowethu Graham. Yileyonto njalo engi . . . Kuhle. Awu, niyazi, uMfowethu Graham nami sisebenza ndawonye kahle kakhulu; mude kakhulu futhi mina ngimfishane. Ngakho ngi . . . [UMfowethu Snelling uthi, "Ucosha isithelo esiphansi kunazo zonke, futhi mina ngithola sonke isithelo esiphakeme." UMfowethu Branham nebandla bayahleka.] Ngezinye izikhathi ngimcela ukuba aziwohlozele phansi. [Akuqoshwanga eteyipini.] Ngiyabonga, Mfowethu Graham. Namanje angikakucabangi lokho, umlilo. Siwufuna ealtare, asiwufuni na? Amen. Ngani, u . . .

9 Ngobunye ubusuku lapho esasihlezi khona, izinkulungwane zidipha lapho, nabobonke beshaya ihlombe futhi bedumisa uNkulunkulu, saba nesikhathi esimnandi kanjani nje, saba noMlilo ealtare ngqo ngaleyonkathi.

10 Futhi sijabula kakhulu ukumemezela ngemvuselelo yalelihlobo elizayo. Manje ngise . . .

11 Ngizoba kanye nebandla lapha, noMfowethu Graham nani nonke, izinsuku eziyisishiyagalombili noma eziyishumi ezizayo, ngiqagele, ngokwazi kwami, futhi ngifuna ukuba kuzo zonke izinkonzo engingaphumelela ukuba kuzo. Bese-ke ngi . . .

12 Sisuke lapho, siye eHouston, eTexas, endlini enkulu yezemidlalo. Kunendlu enkulu enhle lapho ehlala abantu abayizinkulungwane eziyishumi nesikhombisa, futhi nje sibheke isikhathi esikhulu.

13 Sazama ukuba sibe ne . . . sonke ukuba sibe nomugqa womkhuleko ezansi lapho, kodwa asikwazanga ukukwenza; umfundisi oyedwa endaweni eyodwa, nomunye nomunye, emgqeni womkhuleko. Kodwa, he, akusebenzanga nje ngaleyondlela, futhi nje uMfowethu Jaggers wafanele aqhubeke.

14 Futhi, ngithi, enye into engifuna ukuyimemezela. UMfowethu Jaggers wama futhi wathatha isinqumo njengoba senza eCalgary. U . . . AmaMishinali Baptisti namaFree Will Baptisti, nabobonke, (niyazi, iTexas igcwele amaBaptisti) ammela, kodwa amaBaptisti aqavile aluvukela u—uhlelo. Futhi, o, bambhala kanjani ephepheni nakho konke. Awu, yena, bambhalela imibuzo yeBhayibheli, ngakho waphendula. Futhi bane . . . emva kokuba sebenobufakazi babo, kwase kuthi umzabalazo wezepolitiki, ngani, abakufakanga ephepheni. Ngakho uMfowethu Jaggers, sabiza umhlangano lapho, nabefundisi abangamashumi ayisikhombisa-nanhlanu

abanobambiswano basedolobheni sangena kanye kanye, sathatha ikhophi yayo efotostatiwe futhi sathi, "Ngabe lena yinkululeko yenkulumo na? Ngabe lena yinkululeko yamaphepha na?" Kanjalo, sase siyithumela. Nephepha lalahlekelwa ngabathengi balo abayizinkulungwane eziyishumi ngakusasa ekuseni.

15 Futhi bayafika, bekhala, baguqa ngamadolo abo, bathi, "Sizokufaka ephepheni, ngesihle nje, akudingi ukuba nisikhokhele nopeni."

16 O, mfowethu, lalela, nina bandla. Sake sahlala ezansi ngasemzileni kaloliwe; asisahlali khona manje. Sihlala emgwaqeni uHaleluya Avenue manje. Yebo, mnumzane. Silinganiselwa ezigidini. Sasivamise ukuba njalo, sasiyikhulu elimbalwa kuphela, kodwa sesifinyelele ezigidini, izigidi manje. Futhi sihlanganiswe ndawonye, siyibandla elinamandla kunawo onke, ngezibalo, kwelikhona eUnited States; kunjalo, o, ngiqagele, ezweni. Ngonyaka odlule, kuphela nje saba nesigidi izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu zabaphendukayo. Cabanga ngalokho, isigidi izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu zabaphendukayo, kubantu beVangeli eligcwele, okungukuthi, ngokwezinhlelo zikazwe lonke ngonyaka odlule. O, siyakhuphuka manje.

17 Nalamaphepha amancane nezinto ezikade zi... babengekhulume ngabantu bamaKatolika, babebesaba. Niyabo, babesaba ukukwenza. Kodwa siyaqhubeka senyuka ngqo ngesibalo lapho manje. Sinamalungelo. Asibize ilungelo lethu esiliphiwe nguNkulunkulu. Kunjalo. Ngakho siya phambili kulonyaka, noNkulunkulu ukuba abe lusizo lwethu nesihlangu sethu, ukubangela i...sizame ngamandla ethu onke ukuba sibe nemvuselelo. Manje ngi...

18 [Omunye ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] O, phezulu lapha na? Nonke nizongitshela ukuthi ngiyeke nini. Phezulu lapho, phezulu lapho ngqo. Kulungile. Ngingakhuphuka *ngapha* bese ngibuka emuva.

19 Futhi ngakho, kuhle, bangaki ozwa kumnandi ngoKhisimuzi na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he, he! Bukani! Lesi yisikhathi sokujabula, isikhathi salapho khona thina sonke singabuthana khona ndawonye futhi sikhonze uKristu.

20 Futhi angi—anginawo, anginawo umlayezo, akukho nolunci. Ngivele ngavula iBhayibheli nje lapha ngenkathi ekhuluma lapho. Ngaphenya ngapha, ngathi, "Kuphi ukuzalwa kukaKristu na?" Cishe wonke umuntu ukhuluma ngalokho manje. Ngakho ngizofanele ngifunde isikhashanyana bese-ke ngithola okuthize, futhi nje ngiqhubeke nokubhadazela uze uMoya weNkosi ucoshe okuthize.

21 Manje, ukuqala, asiqale kuLuka, isahluko 1 sikaLuka. Lokho ngukuqala ko—kokuzalwa kukaKristu. Futhi sizofunda okunye phakathi lapha, noma nje sifundise okunye eZwini uma singahle sikwazi. Asazi ukuthi iNkosi izosenzelani, kodwa siyethemba nje ukuthi Izosipha isibusiso esikhulu.

22 Ake nisho, ngikuzwile ukusakaza kwenu. Bekukuhle. Qhubekani nje, qhubekani, nishumayele iZwi.

23 Kade ngisanda kutshela uMfowethu Graham, phakathi lapho, "Uma sake sabakhona isikhathi lapho amaKristu edingana khona, sikhona manje, khona manje." Noma ngabe nenzani, bekani eceleni konke; ngoba ngikholwa ukuthi, ngomusa kaNkulunkulu . . . Ngizokhuluma ngalokho nje, kambijana, emizuzwini embalwa, ukuthi si—sidingana kanjani khona manje.

24 Omkhulu . . . Ngikholwa ukuthi sibheke. Ningilalele na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Sibheke, manje, sibuka umdlalo wasesiteji omkhulu ukwedlula wonke osewake wabekwa kuwo wonke umlando wesintu, usebenza lapha phambi kwethu. Inkundla enkulu yezwe lapha, nomdlalo wasesiteji uNkulunkulu azowudlala, khona manje. Ukuthi, kuyethusa, ukuqalaza ezweni lonke bese sibona ukuthi into ihambisana kanjani ndawonye. O, kuyinto elungiselela ukwenzeka, mngane. Lokhu ebesixoxa ngakho, futhi sasho ngakho, kukhona lapha manje. Niyabo? Sekuvele kuyaqala, ndawo zonke, kusakazeka yonke indawo.

25 Kukhona isithombe esikhulu engithanda ukunidwebela sona kulokhu ukusa. Ngibona iwundlu phandle endle, lidla. Umfo omncane uqala ukwethuka futhi nje u . . . uyamangala. Uqalaza ngale emihlangeni emva kwakhe ngqo, ngibona ibhubesi lenyuka linyonyoba, kalula impela. Niyabo? Lishaya ngomsila walo emhlabathini, lilungisa izinyawo zalo ukuba lijombe.

26 Lelo yibandla phandle lapho endle. Ubumnyama bobukhomanisi bufuqa emhlabeni wonke jikelele, buthi gimbici njengethunzi elikulu.

27 Futhi lona ngumthetho wokulinganisa ngokwahlukanisa. Thatha njengaphambi kokusa, kuhlala njalo kuba-mnyama ngokwedlulele ngaphambi kokuba kuse ngoba usuku seluyasa, lufuqa ubumnyama. Futhi ngumthetho wokulinganisa ngokwehlukanisa, niyabo, wenza kube-mnyama ngokwedlulele ngaphambi kokuba usuku luse.

28 Futhi sikuleyonto efanayo manje. Kumnyama ngokwedlulele nje ngaphambi kokuba kuse. Amathunzi amakhulu obumnyama liyafuqa liyangena, ukugcwalisa umuntu wesono. Niqaphelile yini, ngaso lesisikhathi sikaKhisimuzi, onke amazwe amakhomanisi a, esikhundleni sokuthumela uKristu esemkhombeni, athumela izincwajana zikaStalin, efaka isithombe sikaStalin kuyo; umuntu omelana nakho, yena uqobo

phezu kwakho konke okuthiwa nguNkulunkulu, njalonjalo, ethola ingxenye enkulu yezwe esemaziphweni akhe. Futhi enye into-ke, ukuthi, zonke lezi, lokho ngokokugcwalisa umBhalo.

29 Bese kuthi-ke, futhi, ngifuna niqaphele enye into, okunye kokugcwalisayo. Lababantu abayibo ngegama nje kulamabandla ngegama nje, kusukumela ukuphikisana noMnyakazo. NeBhayibheli lathi, “Bayoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bawaphike aMandla akho; labo-ke wobagwema.” Futhi bathatha isinqumo sabo.

30 Ubukhomanisi buthatha isinqumo sabo.

31 Akadunyiswe uNkulunkulu, uMoya oNgcwele uthatha isinqumo saWo. Yebo. “Lapho isitha singena njengozamcolo, khona-ke Ngiyakusimisela isimiso.” Kunjalo. NeBandla lithathe isinqumo salo, ngiqonde iBandla likaMoya oNgcwele.

32 Manje yilokho engikukhathalele, bangane, futhi ngilapha. Phandle lapho, ngiyokhulekela abagulayo. Kodwa phakathi lapha ngikhathalele into eyodwa, futhi lelo yiBandla likaNkulunkulu elizelwe ngokusha. Kunjalo. Yilokho engikukhathalele, empeleni. Angikhathalele yona imithetho kamasipala, nabadikoni, kanjalonjalo, kanjalo, kumbe izimiso zamabandla. Ngikhathalele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele phezu kweBandla, okwalolusuku esiphila kulo. Leyo yingxenye eqavile, futhi yilokho esikubhekile.

Izwi lomkhuleko nje manje.

33 Baba waseZulwini, yehla, kulokhu ukusa, ungene phakathi kwethu. Siphe khona, Nkosi, futhi kwangathi uMoya kaNkulunkulu ungayengamela inkonzo. Busisa umsebenzi lapha, Nkosi. Busisa umfowethu, uMfowethu Graham. Nkulunkulu, muphe amazwi okuhlakanipha kulobubusuku, ekusakazeni emsakazweni kwangathi angakwazi uku—ukunyakazisa abantu nge. . . ngokushumayela iZwi. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi izoni zingakhala izinyembezi, ziguqe phansi ekamelweni lazo futhi zinikele ngezinhliziyo zazo kuKristu. Uma kubakhona abangakholwa lapha kulokhu ukusa, kumbe noma yibaphi abangakamemukeli uKristu, kwangathi bangeza, futhi.

34 Futhi manje qala imvuselelo ezinhliziyweni zabantu, kulokhu ukusa, Nkosi. Kwangathi lesi kungaba yisikhathi sokuhlumelela, isikhathi lapho uMoya uzohlunyelelwa. Futhi, O Baba, besingakhuleka ngalendlela. Woza usibambe ngesandla, ngamunye wethu, usihambise usehlise ngalomgwaqana lapha. Usikhombise lesisithombe esikhulu esibekwe ngokuhlelekile lapha, wembula izimfihlakalo zaKho ezinhliziyweni zabangcwele kulokhu ukusa, ukuze sikwazi ukubona ukuthi yini ephandle lapha phambi kwethu nje. Futhi njengoba sihamba sehla-ke, Nkosi, ezikhalini zikaNkulunkulu, kwangathi singahamba njengamasosha angamaqhawe, ukuba sibhekane

nesitha. Kodwa besingabhekana kanjani naso ngaphandle uma sazi amaqhinga aso na? Futhi sisize kulokhu ukusa ukuba siqonde, futhi sikhombise i. . . ukuziveza kwaso ngaphambili lapho, ukuze sikwazi ukuthi sidibane kuphi naso. Ngokuba sicela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

35 Asithi, isahluko 2, asifunde lokhu.

> *Kwathi ngalezozinsuku, kwaphuma isimemezelo kuKesari Awugustu, sokuba kubalwe izwe lonke.*
>
> *(Lokhukubalwa okokuqala kwenziwa . . .* ngumbusi *waseSiriya.)*
>
> *Bonke baya kubalwa, yilowo nalowo emzini wakubo.*
>
> *Naye uJosefa wakhuphuka ephuma eGalile, waya emzini waseNazaretha, waya* kwaJuda, *emzini kaDavide, othiwa yiBetlehema; (ngokuba wayengowendlu nozalo lukaDavide:)*
>
> *Ukuyobalwa kanye noMariya owemmiselwe ukuba abe-ngumkakhe, ekhulelwe.*
>
> *Kwathi-ke, ukuthi, beselapho, izinsuku* zokuphelela kwakhe *zokuba abelethe.*
>
> *Wazibula ngendodana, wayisonga ngembeleko, wayilalisa emkhombeni; ngokuba bentula indawo endlini yezihambi.*

36 Manje njengesendlalelo nje, uku. . . size sikhuphukele engxenyeni yakho engizokusebenzisa kulokhu ukusa. Nani nonke nje zivumele wena ukuba ube seMoyeni weNkosi.

37 Thina, namhlanje, emhlabeni jikelele, kungukugujwa komkhosi wokuzalwa kukaJesu, manje osekungokwesiko nje. UJesu akazalwanga ngoDisemba zinhlanu noma lutho olunjengo. . . noma uDisemba 25. Siyazi ukuthi lokho akunakwenzeka. Amagquma aseJudiya kwakugcwele iqhwa ngalesosikhathi, ngakho kwakungaba kanjani yilokho na? UJesu ngokuvamile, ngokufundwa kwezinkanyezi, njalonjalo nangakho konke kwakho wazalwa, kuqala, lapha kuApreli lulunye, ngakho ngenkathi kuyisikhathi saseNtwasahlobo. Kodwa lolu wusuku, olulungile, olubekwe eceleni nje ukuba kukhonzwe ngalo, esikhumbuzweni sokufika kwaKhe ezweni.

38 Esinye sezipho ezinkulu kunazozonke uNkulunkulu asake azipha izwe sasinguJesu Kristu. Lokho, siyakwazi lokho. Futhi manje ngifuna ukukhuluma, kulokhu ukusa, ngobuNkulunkulu baKhe, ukuthi UnguBani. Baningi kakhulu abanaYe eyingane encane ilele phandle laphaya embhedeni wengane, kanjalonjalo. Kodwa lokho—lokho kwakungokunye kwezithombe nje, okunye nje kokuvezwa obala komdlalo wasesiteji, ukukukhuphulela kulokho Ayikho ngempela. UbuNkulunkulu baKhe.

39 Futhi Wathi, emiBhalweni yokuFika kwaKhe, Wayekade ekhuluma ngakho selokhu kwaba yizinsuku zika—zikaJohane. Kuyothi ngqi emuva ngisho nakuGenesisi, kwaprofethwa, ukuthi, "INzalo yowesifazane iyolimaza ikhanda lenyoka," kwethenjiswa loMntwana—Mntwana, uKristu Jesu. Futhi Wayekade ephansi, bonke abaprofethi; imvama bonke abaprofethi abake babhala eBhayibhelini, bakhuluma ngokufika kwaKhe kokuqala nokwesibili, ngenkathi Ezofika ezweni.

40 UJesu ufika kathathu. Wafika, okokuqala, uku *hlenga* iBandla laKhe. Uyafika, okwesibili, u *kwemukela* iBandla laKhe. Uyafika, okwesithathu, *ne* Bandla laKhe. Yonke into eBhayibhelini ihamba ngobuthathu, okuthathu, kodwa konke kuKristu oyedwa. Yena, khumbulani, okokuqala, uku *hlenga* iBandla laKhe; okwesibili, u *kwemukela* iBandla laKhe; okwesithathu, *ne* Bandla laKhe, njengeNkosi neNdlovukazi.

41 Manje, kodwa ekufikeni kwaKhe kokuqala, sizokhuluma ngakho imbijana nje, bese kuba-ke ngokubakhona kwaKhe lapha; bese-ke kuba ngokufika kwaKhe kwesibili, khona, ngakho; bese-ke kuba ngokwesithathu; uma iNkosi ithanda.

42 Manje ngalezizinsuku, kwakukhona okukhulu ukuhlushwa okumelene nebandla. UKesari Augusta wayenze icebo elikhulu, ukuthi wayezobala bonke abantu. Futhi lokho kwenzelwa kuphela inhloso eyodwa, ukuba lesosiprofetho esikhulu sikaNkulunkulu sigcwaliseke.

43 Into kuphela ofanele uyenze, uma ubona into ethize eBhayibhelini, ezwakala nje ithi kancane ukuba yimfihlakalo nethi kancane ukuba yinto eyinkoloze kuwe, nika uNkulunkulu nje imbijana yesikhathi. UNkulunkulu akajahi. Yithina esijahayo. Nika uNkulunkulu nje imbijana yesikhathi, futhi uzowabona amasondo esiprofetho amadala, amazinyo amasondo, egijima enyukela ngqo esithombeni. Siyokhula, njengokukhulisa isithombe nje.

44 Njengomunye wayekhuluma ngoluny'usuku, wathi, "UNkulunkulu, Wayeyini na?" Ngenkathi Esemuva ngaleya, izigidi ngezigidi zeminyaka eyedlula, ngenkathi Enge... njengalomkhathi nje lapha; wase-ke Eqoqanela eZwini-mcabango; wase-ke Ephuma eZwini-mcabango, wehla wangena kuKristu. Niyabo, nguNkulunkulu nje ehla *kanje*, eza emhlabeni, bese ebuyela kuNkulunkulu futhi. Aniboni ukuthi ngichaza ukuthini na? Nje ephenduphenduka, ehla evela emkhathini, evela ePhakadeni; esongeleka ndawonye, ehla engena eZwini-mcabango; esuka eZwini-mcabango, lapho engena kuMuntu, bese ebuyela emuva futhi. Enzela inhloso eyodwa, ukuhlenga lowomuntu owayekade ewile.

45 Manje, yilokho Akuzelayo, ukuba nguMhlengi. Futhi ngaphambi kokuba uNkulunkulu abe nguMhlengi, Wayefanele

ukuba abe, ngokomthetho, nguMhlengi oyisihlobo somndeni. Wayefanele abe yisihlobo esisondelene kithi.

46 Futhi uNkulunkulu ekuqaleni, wenza umuntu waKhe wokuqala, Wamenza ngomoya. Futhi umoya usengxenyeni engabonakali yomuntu, ongawuboni. Manje uNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo. Ningilalele na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. UNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo. "Futhi uNkulunkulu unguMoya," kwasho iBhayibheli. Nomuntu wokuqala owenziwayo wayenohulumeni phezu kwakho konke okudaliweyo, njengoMoya oNgcwele nje unohulumeni phezu kweBandla namuhla. Wayehola okudaliweyo. Wayehola izilwane.

47 Kodwa kwakungakabikho-muntu wokulima umhlabathi, ngakho uNkulunkulu wenza umuntu ngothuli lomhlabathi. Nalowomuntu, Wayengahle amnike izandla ezinjengezenkawu, Wayengahle amnike izinyawo ezinjengezebhere. Noma ngabe yini Ayenzayo, Wavele wakuphosa ndawonye wayesenza umuntu. Kodwa lomuntu, Wafaka lomoya ongafiyo ongasoze wafa, kulomuntu, futhi uba ngaphezu kwesilwane, waba ngumuntu.

48 Manje-ke lomuntu lapha, yilokho engicabanga ukuthi abaphiki-Nkulunkulu nabanye babo bemi ngakhona, bephikisana. Kodwa ihora selifikile lapho uNkulunkulu esabalalise khona ukuKhanya kwaKhe, kukhona ihora lapha ngenkathi lapho khona uNkulunkulu enza izinto. Kunjalo. Futhi ngakho manje uma bephikisana, "Awu, izinyawo zakhe zibukeka njengezebhere, nezandla zakhe zibukeka zifana no—nohlobo lwenkawu engenamsila noma i—inkawu, noma okunjalonjalo," futhi bazama ukuthi bathi ukudabuka kwakhe kuvela lokho. Lokho akuhlangene nakho.

49 Lona ngumzimba wenyama Ahlala kuwo nje, njengendlu, ubuyela othulini lomhlabathi. Kodwa umoya ungongafiyo; uvela kuNkulunkulu. Lowo ngumfanekiso kaNkulunkulu. UNkulunkulu unguMoya.

50 Lowomuntu walahla indawo yakhe yokudabuka eNsimini yase-Edene. Ubudlelwane bakhe, ukuxoxisana noNkulunkulu kwanqanyulwa lapho, ngenxa yesono nokungakholwa. Ukungakholwa kukuphi na? IZwi likaNkulunkulu. Kwake kwapendwa isithombe ngoEva, futhi watshelwa ukuthi kwakuyokhanya kugqame kangakanani ukuba nje waye—nje wayelahle iZwi likaNkulunkulu. "alunguze ngapha ukuba azindle." Ungeke. UNkulunkulu u . . .

51 Kukhona umehluko phakathi kokuzindla neZwi likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu liqinisile; ukuzindla kungamanga. Ungeke uzindle lutho. Kunjalo. Umqondo wethu awu, niyabo, awumuhle ngokwanele noma awusoze,

ukulinganisa ukujula kokuhlakanipha kukaNkulunkulu okuPhakade. Futhi, ngakho-ke, ungeke uLizindle; ufanele nje uLikholwe.

52 Futhi ngakho-ke isithombe sapendwa, emuva le ngobaba nomama bethu bokuqala, futhi bawa. Futhi lokho kwabhidliza ubudlelwane noNkulunkulu, futhi waxoshwa eNsimini yase-Edene. Kusukela ngalelohora, uNkulunkulu waqala ukumemeza ehla-enyuka emasimini, efunisisa umntwana waKhe—waKhe olahlekile.

53 Futhi-ke indlela kuphela uNkulunkulu-ke ayeyoze amhlenge ngayo, yayizoba ngokwenza . . . ukuba ehle futhi amhlenge, qobo lwaKhe; hhayi komunye, hhayi ukuthumela omunye umuntu. Wayengeke athumele iNgelosi; lokho kwakungeke kulunge. Kodwa indlela kuphela uNkulunkulu ayengahlenga ngayo umuntu, kwakungukuthi kwehle Yena uqobo ukuba akuhlenge.

54 Uma kukhona umuntu owonayo lapha, futhi, he, bengingumahluleli walokhu, waleliqembu labantu, futhi nginamandla esikhundla phezu kwenu nonke, futhi uma ngi . . . Uma kukhona owonile, futhi ngathi, "Manje, ngi . . . Mfowethu Graham, ngifuna wena ukhokhe inani." Lokho bekungeke kube ukulunga. Uma bengisholo umfana wami uqobo ukuba akhokhe inani, lokho bekusalokhu kunga . . . ? . . . ukulunga. Indlela kuphela ebengingaba nokulunga ngayo, kungukuba mina uqobo ngithathe indawo yakhe. Futhi ini na? Kube yimi engikhiphe isigwebo, bese kuthi-ke uma ngifuna ukumhlenga umuntu, ngifanele ngithathe indawo yakhe, qobo lwami. Nisangilalele na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.]

55 Manje, bukani, ngifuna niqaphele into ethize. Manje-ke uma lokhu, indlela kuphela uNkulunkulu uqobo lwaKhe ayeyoke ahlenge ngayo lomuntu, kwakungukuba ehle athathe indawo yakhe. Nalowo kwakungumthetho owanikezwa nguMose, wokuhlengwa, ukuthi kwakufanele kube ngomhlengi oyisihlobo somndeni; umuntu kuqala owayefanele, umuntu owayefanele inani, umuntu manje-ke owayezokwenza ubufakazi bakhe phambi kwabantu bonke bese ehlenga ifa elilahlekile lomuntu othize obewile. Futhi, manje-ke, uNkulunkulu wayefanele. Wehla eminyakeni ethize engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, esesimweni sengane, ezalelwa emkhombeni, wasibekelwa nguMoya oNgcwele, hhayi ngokuzalwa kwesifiso socansi. WayenguNkulunkulu. IGazi likaNkulunkulu lalikuYe.

56 Ingane njalo iyigazi likayise, akusilo neze elikanina. Sonke siyakwazi lokho. Ngaphandle . . . Ngike ngafundisa ngalokho lapha, ngezikhathi, futhi niyazi ukuthi ingane ayinalo nelilodwa ichashazi legazi likanina kuyo, akukho nelincu.

57 Qhabo, akukho lutho olulenzayo. Njalo yigazi lesilisa. Isikhukhukazi singazalela iqanda, kodwa uma lingathelile, alisoze lachanyuselwa. Akunandaba ukuthi iqanda lihle kangakanani, nokuthi silifudumeza kahle kanjani, liyohlala njalo lingatheli. Liyohlala khona lapho libole, kunjalo, ngaphandle uma inyoni yeduna ibinenyoni yesikazi, nembewana yokuphila ivela eduneni.

58 Ngakho-ke, ngenkathi uMariya, "engazi-ndoda," wayeneSilisa, uNkulunkulu, uJehova uSomandla, futhi Wamsibekela, futhi uNkulunkulu unguMdali owadala ingqamuzana lokuphila leGazi esizalweni sikaMariya, "engazi-ndoda nhlobo." Nalokho kwaveza lona impela iGazi likaNkulunkulu elinokudala, ukusihlenga ekuphileni kwethu singena lapha siza sizongena lapha ngokuzalwa ngokwesifiso socansi.

59 Futhi manje-ke leloGazi lamuncwa emithanjeni kaEmanuweli, esiphambanweni saseKalvari, futhi namhlanje linasindisayo afanayo, ahlengayo, amandla angcwele elawenzayo ngosuku elakhishwa ngalo eKalvari. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen! Manje, kunjalo, sihlengwa ngeGazi likaNkulunkulu. IBhayibheli lithi, "Sithengwa ngeGazi, futhi sihlengwa ngeGazi, iGazi likaNkulunkulu uQobo."

60 KwakuyiGazi likaNkulunkulu kanjani na? UNkulunkulu akanagazi. Kwakungaba kanjani na? Ngoba kwakuyiGazi likaNkulunkulu elinokudala, Alidalayo, ukuze asihlenge, futhi wafika futhi wahlala emzimbeni ofanayo Awudalayo. Ngakho-ke Wayengeke . . . UNkulunkulu kwadingeka ukuthi ahlushwe ngokulingwa; Wayengeke ahlushwe ngokulingwa. Wadingeka ukuthi ahlushwe ngokulingwa ngocansi. Wadingeka ukuthi ahlushwe yizozonke izinhlobo zokulingwa, ukuba alingwe ngudeveli, ezingcebweni namandla ne—nemibuso, kanjalonjalo. Wadingeka ukuthi ahlushwe yikho konke lokho. Ukuze akwenze, Wayengeke akwenze njengoNkulunkulu eMoyeni; Wadingeka ukuba abe nguNkulunkulu enyameni.

61 Manje ngikhuluma kulokhu ukusa ngobuNkulunkulu bukaKristu, khona nizokwazi ukuthi Ubani Lo esimkhonzayo namhlanje. Akusiyo ingane emkhombeni, kumbe akusuye uSanta Claus, kodwa sikhonza uNkulunkulu uSomandla, ebuNkulunkulwini beNdodana yaKhe.

62 Futhi qaphelani-ke, leloGazi lehla futhi la . . . futhi kwakunguKristu Jesu. Futhi uNkulunkulu uqobo lwaKhe, ephuma eMoyeni, wahamba wangena kuKristu Jesu. NeBhayibheli lasho, ukuthi, "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe uqobo." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Kunjalo."—Umhl.] UNkulunkulu uqobo lwaKhe, uJehova, wayehlala kuKristu futhi wenziwa waba yisiHlobo somndeni

kithi, ngoba Wazalwa enyameni yomuntu njengoba sinjalo. Ngabe kunjalo na? ["Amen."] Amangqamuzana okuphila eGazi akhuliswa nguNkulunkulu, na—namangqamuzana okuphila enyama akhuliswa esizalweni sikaMariya, esazala uMntwana. NoNkulunkulu wehla futhi wahlala enyameni yomuntu, futhi walingwa ngandlela zonke njengoba sinjalo nje nathi. Niyakukholwa lokho na? ["Amen."] Kulungile.

63 Manje, manje-ke, ngenkathi Enza lokho, Wanikela ngeGazi laKhe ngesihle. Wayengadingekile ukuthi akwenze. Wenza lowomhlatshelo. Wayengakhuphukela ngqo eNkazimulweni. Wayengaguqulwa isimo njengoba Wayenjalo eNtabeni yokuGuqulwa isimo, wayeyohamba angene eZulwini futhi angasifeli neze. Kodwa ukuba avume ukusifela Wanikela ngesihle ngeGazi laKhe eKalvari. Kunjalo. Futhi Wacosha... WayenguMuntu wosizi, azi ubuhlungu, futhi Wenza ubufakazi phambi kwabantu bonke.

64 E Ru-...INcwadi kaRuthe, iyisithombe esihle kabi lapho, ukuthi kwaba kanjani uBowazi, umfanekiso kaKristu, ukuthi uRuthe wawelela kanjani ezweni labezizwe, enjengohlubukayo waphuma ezweni, futhi wabuya naye...Ngiqonde uNawomi, futhi wabuya noRuthe. Futhi ngenkathi uRuthe esebuya, wayeyi...nasezweni lakwaMowabi. Futhi ngenkathi esebuya, wayengowakwaMowabi; ngokoqobo isithombe soMlobokazi wabeZizwe iBandla.

65 Futhi ngenkathi ehamba eyoshiya uNawomi, uNawomi wamtshela, wathi, wamanga futhi wamtshela ukuba abuyele kubantu bakubo. Wathi, "Ngiyohamba nawe ngiye kubantu bakho. Abantu bakho babe ngabantu bami, lapho ohlala khona akube yilapho ngihlala khona nami, uNkulunkulu wakho akabe nguNkulunkulu wami, futhi akukho lutho kepha ukufa okuyosehlukanisa. Lapho ufela khona, ngifela khona nami. Lapho umbelwa khona, ngiyakumbelwa khona nami."

66 Manje naso isithombe seBandla labeZizwe liza lizongena kuKristu. Isizathu, sake saba ngabafokazi sikude noNkulunkulu, ngamaJuda kuphela kwa—kwakuyiwo ayezosindiswa. Kodwa thina, sifile kuKristu, sithatha iNzalo ka-Abrahama futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso, noKristu wathola uMlobokazi wabeZizwe. Kunjalo impela.

67 Manje ukuze kuhlengwe, uBowazi ahlenge ifa likaNawomi elalilahlekile; leso kwakuyisimo sokuhlubuka sikaIsrayeli. Kwase kuthi uMowabi—uMowabi wayedingeka ukuthi aphume, futhi ngenkathi ekwenza...UBowazi, njalo, futhi ngenkathi ephuma, wayefanele akhahlele akhumule isicathulo sakhe phambi kwamasango, phambi kwamalunga, ukwenza ubufakazi phambi kwabantu bonke ukuthi wayesemhlengile lowo wesifazane owayelahlekile efeni lakhe. Futhi ekwenzeni lokho, khona-ke wamthenga wambuyisa futhi, wathola phakathi

lapho umlobokazi wakhe, owesifazane a—ayemfuna. Wadingeka ukuba ahlenge owesifazane kuqala, ukuze athole umlobokazi. Aniboni na?

68 Futhi leyo yinto efanayo neyenziwa nguKristu. Wenza ubufakazi phambi kwabantu bonke emasangweni aseJerusalema, ngenkathi Ebhaxabulwa, eshaywa, ehlushwa, futhi waholelwa enhla eKalvari, eCal-. . . igquma laseGolgotha. Futhi wabhukudisa igquma ngeGazi laKhe uQobo, njengobufakazi phambi kwabantu bonke ukuthi Wayehlenge lonke ifa eliwile kusukela emuva ngaleya ekuqaleni, futhi uhlenge abantu baKhe esiqalekisweni sesono nasemaziphweni esiHogo.

69 Futhi azi ukuthi wayezodinga into eningi kakhulu ngezinsuku zokugcina, kunalokho anakho manje, Wathi, "Angiyikunishiya niyizintandane. Ngiyokhuleka kuBaba futhi Uyonipha omunye umduduzi, onguMoya oNgcwele. Uyohlala nani phakade. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; kepha Ngenyukela eZulwini bese Ngilungisa lento, futhi Ngizobuya ngibe nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka." Yilokho engikhuluma ngakho. Nisangizwa na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo. Yilokho engikhuluma ngakho manje, nguYe efika futhi ngamandla aKhe.

70 Iminyaka ubuqhubeka ugeleza, "O, Ungubani Yena na?" He, kulokhu ukusa, bacabanga ngenye into encane ekhonzwayo, omunye umkhombe omncane phandle lapho, okunye okuncane . . . Lokho, angicabangi ngalokho.

71 Ngicabanga ngoKristu, ithemba leNkazimulo, ezinhliziyweni zethu kulokhu ukusa, ngoMoya oNgcwele. Kunjalo.

72 O, ulahlwe yizwe! UNkulunkulu ubefika njalo ezweni; ngenkathi Ekwenza, izwe laliMzonda. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyoba-njalo nokufika kweNdodana kaNkulunkulu." Sikulolosuku, bangane.

73 Futhi manje qaphelani, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Kunjalo. Ulapha manje. Nasezinsukwini, ukuthi isithombe saKhe esikhulu njalo saphenduphenduka kanjani futhi senza into efanayo ukuba ifezeke esiyibonayo manje. Umdlalo omkhulu wesesiteji usuhleliwe, futhi sesilungele manje ukubona izinto ezinkulu zenzeka.

74 IBandla likhishwe embhedeni wengane. Kunjalo. IPentecostal yaLithunduzela phansi ngaleya, eminyakeni embalwa edlule, emuva lapho ngenkathi abantu bejikijela amatshe futhi bahlekisa, futhi balihleka, kodwa selikhule lavuthwa manje. Kunjalo impela. Ihora selilapha. Haleluya!

Kunjalo. Yilokho engikukhathalele, ukubona iBandla likaNkulunkulu lihlangana ndawonye manje. Kade sishaya *lapha*, futhi sishaya phandle *laphaya*, kodwa ihora liyeza lapho uNkulunkulu ephosa ublankethe asisonge sonke, ukusidonsela phakathi, ngokuba isitha sesisesangweni. Haleluya! Yebo, mnumzane. Wathi, futhi manje okwabantu baKhe, uDanyeli wathi, "Izinto ezinkulu zezinsuku zokugcina, uma lezizinto sezifezeka, he, abantu bayophikelela nokwenza imisebenzi emikhulu-ke, amadoda okholo ayokwenza, ngalolosuku."

75 Nehora selifikile manje ukuthi lapho umdlalo omkhulu wasesiteji, isithombe sikaNkulunkulu sibekwa obala, esemvula yamuva. UJoweli wathi, "Ngezinsuku zokugcina, kuyakuthi Ngithulule uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; namadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. Phezu kwezincekukazi zami nezincekukazi eziyizisebenzi Ngiyakuthulula uMoya waMi. Futhi Ngiyakubonisa izibonakaliso ezulwini phezulu, nezibonakaliso emhlabeni phansi, nezinsika zomlilo, nokuthunqa komusi. Kuyakuthi, lungakafiki usuku lweNkosi olukhulu nolwesabekayo, kuyakuthi yilowo oyakubiza iGama leNkosi uyakusindiswa."

76 UJesu wathi phakathi lapho, "Lezizinto eNgizenzayo, niyakuzenza, nezinkulu kunalena, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi." Haleluya! Haleluya! Nakhu Akushoyo phakathi lapho, e—e—eZwini emuva lapho, wathi, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi lahlala kini, celani enikuthandayo futhi niyakuphiwa khona."

77 Eminyakeni embalwa edlule, abantu konke lapha bathi, "Nina bantu phezulu lapha kuleloTabernakele ungabaginqiki abangcwele. Nonke niyi *lokhu, lokho,* no *kunye*. Futhi niyahlanya!"

78 Kodwa, o, he, simile kulelodwala, lelo eliQinisile, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, futhi manje amandla kaNkulunkulu uSomandla abunjwa ebandleni, ayavela. Haleluya! Ngibheke lapho khona uNkulunkulu ezozamazamisa yonke into, ndawo zonke. Mfowethu, sekuvele kuqalile ukuhlangana khona manje. Kuyenzeka. Kunjalo.

79 UbuNkulunkulu baKhe. UnguBani na? Abanye babo uMcabanga eyingane encane emuva lapho. NguYe owama kokungabonakaliyo, o, he, emsamo, weneka izandla zaKhe, wayesekhuluma wayesethi,"Makube-khona ukukhanya," kwaba-khona ukukhanya. Lowo kwakunguJesu Kristu. "Ngokuba Wayesezweni, nezwe lenziwa nguYe, nezwe aliMqondanga." Waye. . . UngubuNkulunkulu bukaNkulunkulu. Bukani ukuthi Wenzani emuva lapho.Ukhuluma ngezinto ezimangalisayo emuva lapho; ukhuluma ngokumemeza na? Lapho Enza izinto ezimangalisayo,

ukwenza izinto ezikhona manje, ngezinto eyayingekho, Wakhuluma futhi kwabanjalo.

80 Nalawomandla afanayo, lowoKristu ofanayo! Haleluya! Makuthi abaqavile, makuthi labobantu abaphika aMandla kaNkulunkulu, bathi Ayiphutha, kodwa lawoMandla afanayo akhuluma kwabakhona izwe akulabobantu onoMoya oNgcwele. Kunjalo. Besilisa nabesifazane, sekuyisikhathi sokuthi sesitholile ukuthi ningobani. Udeveli uzama ukunifihla ngemuva, anitshele ukuthi niyinto ethize encane ethothobele. Aninjalo. Ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. UbuNkulunkulu abukho eZulwini, bukuwe. Haleluya! Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa ake ngikutshele okuthize, mfowethu. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Uma uqonda ukuthi uNkulunkulu uSomandla uhlala kuwe; ukuPhila okunokungafi. "UkuPhila kwaMi eNgikuphayo, Zoe." UkuPhila kukaNkulunkulu kusesidalweni esingumuntu.

81 Wama emuva lapho, UnguMdali wezinto zonke. Wenza ukuphila; amaxoxo, o, izinyosi, amadada, izinkukhu, izilwane, wadala yonke into. "Futhi alukho olwenziwa ngaphandle kolwenziwa nguYe." Ubani na? UKristu, ubuNkulunkulu! "Wehlisa izinhlupheko, nayo yonke into ngezinsuku zaseGibhithe." Ubani na? UKristu! "Wavala i—imilomo yezingonyama. Wacima amandla omlilo. Baphepha osikweni lwenkemba. Bavusa abafileyo ethuneni." UBani na? UKristu! O, he, kuyoba yini na? UnguBani na? UKristu, ubuNkulunkulu!

82 Futhi, mfowethu, dadewethu, lobobuNkulunkulu bukuwe. "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Nokho niyongibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka." UKristu emkhombeni? Qhabo. Ukristu kuwe! Haleluya! Asikhonzi uKristu esemkhombeni, kodwa uKristu ekuwe uMoya oNgcwele, ithemba lokuPhila, haleluya, uMdali uNkulunkulu uqobo lwaKhe akhe esidalweni esingumuntu. "Akukabonakali esiyakuba yikho, kodwa siyakuMbona njengalokhu Enjalo. "Ngokuba siyokwenziwa sibe njengaYe, uMoya esidalweni esingumuntu.

83 Ayikho indawo yaKhe. Abantu konke lapho bethi ba—bangabakaKristu, ibandla labo ngelikaKristu, bane. . . Futhi kwenzekeni izolo lapha ebusuku na? Bavule izipho zabo zikaKhisimuzi. Ake sibone ngobaba; phakathi lapho bekukhona i. . . bekuphansi kwesihlahla sikaKhisimuzi komningi wesilisa, izolo ebusuku, kubekwe elikhulu ibhokisi likabhiya ndawondawo. Akukho ndawo kaJesu; yonke ngekabhiya. Kuvulwe isipho sikamama, ipaki lamakhadi. Ayikho indawo kaKristu; amakhadi. Kunjalo. Esikhundleni seBhayibheli elincane noma ngokuthile kubantwana, yibhukwana iG-man, kumbe intwanyana enjengalokho. Ayikho indawo

kaJesu. Esikhundleni sokuya esontweni, baya embukisweni, emidansweni, yonke into, futhi bazibize ngamaKristu.

84 Mfowethu, uma ubuNkulunkulu bukaNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele, bufika bungene enhliziyweni yomuntu Buyibizela ngaphandle yonke into uKristu angayidalanga. Niyazi ukuthi lelo yiQiniso.

85 UNkulunkulu, uKristu, ithemba leNkazimulo, ekuwe! Hhayi embhedeni wengane; ekuwe! Lokho kwake kwenzeka, uNkulunkulu wayesemuva ekuqaleni, wayese-ke engena kuMose, Ungena kubantwana bakwaIsrayeli, Ungena embhedeni wengane. Kodwa manje bazoMkhonza emuva le njengento ethize ngaphambi komlando, kanti, uKristu ukuwe! Nangu, namhlanje, iNdodana kaNkulunkulu yenyuka, iBandla laYo elikhulu liyanyakaza.

86 Namhlanje ibandla linamasapha esobho, amasapha ophaya, babone ukuthi ubani ongagqoka kahle ukwedlula bonke, bangene esontweni elinobukhazikhazi, inkazimulo, ubani onesonto elihle ukwedlula onke izihlalo ezinhle ukwedlula zonke, ubani ongadlala *lokhu* ubani ongenza *lokho*. Futhi ayikho indawo: zonke izikhathi banenye into abazoyenza ngaphandle komthandazo. Abasakwazi ukukhuleka. Banenye into abazoyenza: Abasakwazi ukukhuleka. Abasakwazi nje ukuthanda, bakhonze uNkulunkulu njengoba babevamise ukukwenza. "Ayikho indawo yaKhe endlini yezihambi." Futhi lesi yisikhathi sokugcina, mngane. "Ayikho indawo yaKhe endlini yezihambi." Kusobala, ngiyazi ukuthi yayisho ukuthini leyondlu yezihambi, kodwa ngibhekisele kulokhu ukuphela.

87 Kodwa iBhayibheli lathi, "Ngalolosuku, lapho umalimondi uyokhahlela; intando yomuntu iyophela ngokuba useya ekhaya lakhe laphakade, nabalilayo bazulazula ezitaladini; noma igoda lesiliva ligqabuke, nokhamba luphahlazwe emthonjeni." O, isihawu, mngane wami!

88 Kodwa umprofethi futhi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Kunjalo. Indlela eya eNkazimulweni impela niyakuyifumana. Kunjalo. Isikhathi sokuhlwa sesifikile. Ibandla manje elake lagqoka njengalololwazi lwesipiliyoni salowomkhombe omncane esedlule kukho, sekufike endaweni manje ukuthi abantu sebeyaqonda ukuthi ubuNkulunkulu naMandla kaNkulunkulu uSomandla kuhlala esidalweni esingumuntu.

89 O, mfowethu, dadewethu, angikhulume kini, eGameni likaJesu, kulokhu ukusa. Nisangizwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he, ake nginitshele okuthize!

90 Isikhathi siyeza lapho abesifazane nesilisa bezocishe bafane khona. Bagqoka ngokufanayo kakhulu, awukwazi ukwehlukanisa omunye komunye. Kunjalo. Zonke lezozinto eBhayibhelini, kwathiwa ziyofezeka, sekulapha. Kunjalo. Niyazi

ukuthi yiQiniso lelo. YiQiniso na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] YiQiniso na? ["Amen."] Futhi yilo, yiQiniso. Benza ngokufanayo, babukeka ngokufanayo, bathuka ngokufanayo, bakhuluma ngokufanayo. IBhayibheli lathi kuyoba ngaleyondlela. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu.] Wathi, "Ngezinsuku zokugcina, ukuthi izikhathi ezinzima ziyofika. Abantu bayoba ngabazithandayo, kunokuthanda uNkulunkulu; abangenakuthuliswa, abahlebi." Ngabe kulapha na? ["Amen."] Kunjalo.

91 O, udumo kuNkulunkulu! Ngizwa into ethize iginqika emphefumulweni wami! He, o, uma ngibuka phandle lapha! "Njengokwenzeka ezinsukwini zikaNowa, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." UNowa wayenabo abathembekileyo ngalolosuku. UNkulunkulu unabo abathembekile namhlanje. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Ihora liyeza, lomdlalo omkhulu wasesiteji uhlelwa.

92 Besilisa nabesifazane, uma uMoya oNgcwele ehlala kini, uKristu owazalwa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula wafika esintwini. Akazange ahlale embhedeni wengane.

93 Futhi namhlanje, lesosikhumbuzo sosuku lwaKhe lokuzalwa, benzani na? Bathatha isihlahla esithize, basigawule, benze isihlahla sikaKhisimuzi kwenzelwa abantwanyana. Kodwa bacabanga . . . Kulungile lokho; angikhahleli ngiphikisane nalokho. Kodwa into yakho, banaka kakhulu isihlahla sikaKhisimuzi kunoma benzela uKristu.

94 UKris Kringle usezweni lonke. Wayengubani na? IJalimane, ongcwele oyiKatolika eminyakeni eyedlula, ikhehla lalihamba lenza okuhle. Futhi namhlanje sekucishe impela kuphenduke ukukhonza. Kunjalo. Kulungile ukutshela abantwanyana, kumbe noma yini ofuna ukuyenza, ngokwazi kwami. Kodwa into yakho yile, kulula kabi ukuwela kulesosisele ngakwelinye icala, bese kufuqelwa uKristu ngaphandle, abaqave ngempela bakaKristu, bakaKhisimuzi. Futhi umuntu uthatha uKris Kringle esikhundleni sikaKhisimuzi wangempela, kunjalo, "Ayikho indawo yaKhe endlini yezihambi."

95 Konke kudwetshwe phansi, uma besinesikhathi. Ngiyazi kuya ngokuba leyithi, futhi kuya ngokuba leyithi.

96 Kodwa bukani, bangane, selifikile ihora, futhi limanje, ukuthi kungenkathi umdlalo omkhulu wasesiteji ubekwe lapha phambi kwethu. INdodana kaNkulunkulu, eyayisembhedeni wengane, isenhliziyweni manje. InguNkulunkulu bukaNkulunkulu. InguNkulunkulu, uMdali. Yathi, "Zonke izinto . . . Yayisezweni, nezwe lenziwa yiYo, nezwe aliYazanga."

97 Futhi, namhlanje, yileyo indaba ngebandla. Ithemba leNkazimulo, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ungene

ezinhliziyweni zabantu, futhi abaqondi ukuthi Uyini. Bacabanga ukuthi kungukujoyina ibandla okuncane, noma yinto efana naleyo.

98 Kodwa lowo nguNkulunkulu, uMdali, ehlala kuwe, futhi ekunika onke aMandla. Futhi wena unayo yonke into Ayenayo. Ngakho Ukuwe ukuba udede kokubi, ukwenza okuhle, ukuyeka okubi nokubalekela ekulungeni, ukusuka ekulingweni. Yonke inhliziyo embi, inzondo, umbango, umhawu, kanjalonjalo, suka kukho, ngoba lokho kuzoMsusa enhliziyweni yakho. Uma uzoMemukela, uMsingathe futhi uMthande, futhi uMbambe enhliziyweni yakho futhi uMthande! Nginganitshela, ibandla lindawonye kulolohlobo lwaMandla, linaMandla okubopha amazulu, liphilise abagulayo, livule amehlo ezimpumputhe, haleluya, izithulu zikhulume...izimungulu zikhulume, nezithulu zizwe, izishosha zihambe, izimpumputhe zibone. Ngani na? Kungukuqonda aMandla kaNkulunkulu uSomandla enhliziyweni yakho. Nango, ubuNkulunkulu.

99 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akumangalisi imbongi yathi:

> Umusa omangalisayo! Umsindo omnandi kangaka,
> Owasindisa olusizi njengami!
> Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
> Ngangiyimpumputhe, kodwa manje sengiyabona.

100 Mfowethu othandekayo, dadewethu, uma ungenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kulokhu ukusa, gijima ungene uMbusweni kaNkulunkulu ngokukhulu ukushesha ongakwenza. Sekuyisikhathi sokubekwa uphawu. Isitha sesingene ngomfula okhahlamezayo; Uphakamisa ibhanela ukumelana nawo. Ngumdlalo lo wasesiteji ohlelwayo. Ibandla liya ekhaya ngokuqinisekile njenganoma yini. Awunakho ukulinda njalo, mngane. Awunaso sonke isikhathi sokulinda. Kungcono uze manje. Kungcono ukwenze namhlanje, kunjalo, "namhlanje kuseyinamhlanje." Kwenze manje.

101 Khumbulani, bangane, kungabonakala kuxakile. Izwe alizange...Inkolo kaKristu ayizange neze ithandwe ngabantu. Yayihlala njalo ingathandwa ngabantu, izindlela zikaNkulunkulu, ngoba udeveli uyi "nkosi yamandla omkhathi." Unabo bonke ohulumeni. Bonke ohulumeni balawulwa ngudeveli, ngokusho kweBhayibheli. Udeveli wathi wawulawulwa nguye. Kunjalo. Ulawula bonke ohulumeni.

102 Lase lithi-ke iBhayibheli, "Thokozani, nonke nina ziNgelosi ezingcwele, nani bangcwele enisemhlabeni; ngokuba imibuso yalelizwe isibe yimibuso kaNkulunkulu wethu, nokaKristu waKhe, futhi ba...Uyobusa." [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.]

103 USathane wathatha uJesu wamenyusela esiqongweni sentaba, wamkhombisa imibuso yonke yezwe, wathi, “Yonke lena ngeyami, futhi ngizakuKunika yona.”

104 NoJesu wathi, “Suka, Sathane.” Kunjalo. Wayenganaki . . .

105 Wathi, “Uma umbuso wami, walelizwe, beNgingabiza olegiyona beziNgelosi; kodwa uMbuso waMi awusiwo owalelizwe, kodwa uMbuso waMi useZulwini.”

106 Wayesethi, “LemiBuso kaNkulunkulu iphakathi kwenu.” Ngakho ngakho-ke olegiyona namandla, nokuphaswa yiziNgelosi eziNgcwele (haleluya) kukuwe, kulokhu ukusa ngobuNkulunkulu bukaKristu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane.

107 Ungubani wena, kulokhu ukusa na? [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] Ubani uKristu Jesu na? Ukuwe kakhulu ngangokuMvumela kwakho ukuba abe njalo. Uyacindezela, uzama ukungena kuwe, ukuba ahambe phakathi kuwe namuhla. Futhi wena umela kude futhi uyamangala, futhi uyabuka ugqolozele, futhi uthi ukuhlehla kancanyana. Ungakwenzi lokho. Hamba uqonde ngqo ungene esifubeni sikaNkulunkulu. Ihora lilapha. Haleluya!

108 O, ngiMthanda kanjani! Uyeza ngolunye lwalezizinsuku. Ngifuna ukuMbona. Anifuni nina na? [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] Ngifuna ukuMbona. Ngikholwa ukuthi sizoMbona. Anikholwa nina na? [“Amen.”] Ulapha manje. AMandla aKhe ayahamba.

109 Yini eyenza abantu bakhale futhi bamemeze, baqhubeke na? Yin’indaba na? NguMoya oNgcwele uhamba phakathi kubo. Ukuba kuphela bebengaqonda futhi—futhi baMsingathe! Singatha uMoya oNgcwele, uWukholwe, uWugone esifubeni sakho. Phila ngokufanelekile, ungakwenzi okuzoMvimbela. Thana, “O Nkosi Jesu, ngifuna Wena. Ngifuna Wena ume eceleni kwami. Ngizoma eceleni kwaKho, Baba.” Futhi lapho ukwenza, Ucindezelela nje ukuba angene kuwe. Ufuna ukungena lapho! Ukwesheleladuye, ngaso sonke isikhathi.

110 Manje, bangane, ngikwazi kuyiQiniso lokho. Ngiyazi abantu abaqondi ukuthi ningobani? Wonke umuntu phakathi lapha angaphila ngaphezu kwesono, angaphila ngaphandle kwesono, aphile kuNkulunkulu. Uyowenza amaphutha, kodwa iGazi likaJesu Kristu lizokuthethelela. “Baba, bathethelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo.” Kunjalo na? [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] LawoMandla kaKristu afanayo alenga esiphambanweni saseKalvari, uNkulunkulu ofanayo owaMvusa ngosuku lokuvuka, ukuwe manje, wena onoMoya oNgcwele. [UMfowethu Branham washaya phezu kwepulpiti kathathu.] O, aniMthandi na? O, he! Zwanini iPhimbo laKhe libiza namhlanje.

111 Menyuse umsondeze esifubeni sakho, futhi uthi, noma asondele angene esifubeni sakho, futhi uthi, "Manje, Nkosi Jesu, kade ngithe ukwehluka kancane, kusukela ngalolusuku lukaKhisimuzi sengiyaqonda ukuthi UnguBani manje. Ngake ngaKukhonza njengengane encane emkhombeni. NgiKubonile emuva ngaleya unjengomfo omncanyana, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, futhi ngacabanga, 'O, ukuba nje ngangenyukele eJerusalema!'"

112 Namhlanje, bathola amapasi nakho konke, ukuba benyukele e—embhedeni wengane, benyukela endaweni Azalelwa kuyo, umkhombe ofanayo. Kodwa, bangane, akusikho enhla *lapho* la Azalelwa khona; kukhona khona *lapha* la Azalelwa khona. UNkulunkulu uMehlisele kithina sonke, nokuPhila koBuntu baKhe kuphila kithi. O, uMdali, into eyadala izwe, futhi yadala amazulu, yadala umhlaba, yadala umuntu, ukhona impela kumuntu wonke ngamunye onombhaphathizo kaMoya oNgcwele namhlanje. [UMfowethu Branham washaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Yileyonto, yileyo imfihlakalo, yemukela uMoya oNgcwele. Ukuwe. Uyithemba leNkazimulo.

113 Futhi bukani lapha, eTestamenteni eLidala, njengoba ngikhombe kulo izikhathi eziningi, ngenkathi kwenziwa isivumelwano, sasidatshulwa sehlukaniswe phakathi, phezu komzimba wesilwane esifile. Nalezozivumelwano ezimbili zazifanele zihlanganiswe ndawonye, lesosivumelwano sasifanele sihlangane okwesisila sejuba nesinye.

114 Futhi, namhlanje, uNkulunkulu wenze isivumelwano. Hhayi ngoba wawulungile, hhayi ngoba ubujoyine ibandla, hhayi ngoba ubunesikhundla esihle emphakathini. Ungaba nokulunga njalonjalo, ungaphila impilo ehlanzekile, ungaya esontweni nsuku zonke, unganikela ngomhlatshelo nsuku zonke, unganikela ngenxenye yemali yakho, ungaziyeka zonke izono zezwe, nakho konke, futhi uphile nje ngeqiniso nangokwethembeka ngawo onke amandla kho, futhi uyoligeja iZulu njengoba iMpumalanga yehlukene neNtshonalanga. Kunjalo. Asisindiswa ngakho ukulunga, kodwa kungesihawu saKhe ukuthi sithengiwe, ukuthi uNkulunkulu wayefuna ukwenza amadodana namadodakazi. Ukulunga akubenzi neze. UMoya kaNkulunkulu uyabenza. Uma kwakungenjalo. Wayengeke athumele uMoya oNgcwele.

115 Wawungaba kanjani uMoya oNgcwele ngophelele u un-. . . kumbe sasingaphelela kanjani i—isivumelwano na? UJesu wathi, "Ngizomuka, nokho Ngizobuya futhi; futhi ngibe nani, ngibe kini. Ngikhuleke kuBaba, futhi Uzonipha uMoya oNgcwele. Uyohlala nani, phakade."

116 Nabantu bafaka igama labo emabhukwini ebandla, bazama ukuguquka ngosuku lukaKhisimuzi, bazame ukuhamba behlele lapho ebandleni ukuyohlonipha kambalwa emkhombeni emuva

ngaleya. Kanti, uMoya oNgcwele ufuqa ndawo zonke, uzama ukuthola...Nezwe libaphuphuthekise kakhulu ngangokuthi bayoze bahambe benyukele lapho futhi bathi, "Awu, leso yisigejane sabaginqiki abangcwele." Njengoba kwakunjalo nje ngezinsuku zikaNowa, kunjalo namanje.

117 Ukufika kweNdodana kaNkulunkulu sekuyasondela! Kunjalo. Futhi yilabo kuphela abagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, abanokuPhila okungafiyo okuhlala kubo, uMoya oNgcwele, lolo wuhlobo oluzodonswa lapha, oluqiniseke nje impela njenganoma yini.

118 Kwakukhona okuthize futhi mayelana nalowomkhumbi omdadlana, ngezinsuku zikaNowa, owantanta phezu kwamanzi. Kwakungamandla adonsayo avela Phezulu. Kwakukhona ukukhanya ngaphezulu, iNkazimulo kaNkulunkulu ikhanyisa ivela eZulwini, phansi phezu kwalelokamelo elingaphezulu.

119 Futhi ngiyakutshela, namhlanje, mngane, yizwa izwi lami. Kukhona aMandla adonsayo, hhayi avela ebandleni, hhayi avela kumelusi, kodwa avela eNkazimulweni, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uhamba wehla ungena kulomgudu ofanele, ukudonsela phezulu iBandla! Kuyini na? AMandla kaNkulunkulu, ukuba nokungena ekuPhileni kwaKhe, i *Zoe*.

120 "Lezizinto engizenzayo Mina nani niyakuzenza; ezinkulu kunale niyakuzenza." Wahlushwa, wahlekwa, kwahlekiswa ngaye, futhi wafa, futhi wangena ethuneni. Kodwa Wayeqinisile, WayenoMoya kaNkulunkulu kuYe, noNkulunkulu waMvusa. Uma sihamba ngendlela efanayo, kungesiphuma ngayo futhi. O, haleluya! NgiyaMthanda!

121 Nisangizwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NiyaMthanda na? ["Amen."] NiyaMthanda ngayo yonke inhliziyo yenu na? ["Amen."] Akamangalisi na? ["Amen."] O, he!

> Iso libonile, indlebe izwile, okuqoshwe eZwini
> likaNkulunkulu;
> Akamangalisi, mangalisi na!

Asikhothamise amakhanda ethu.

122 Baba waseZulwini, O Jesu, ngibheke ihora elikhulu. Ngiyalibona liza. Ngiyabona ukuthi akukho mathemba noma kuyiphi enye indawo. Ngibona unyaka uhamba wenyuka. Ngibona amalambu abomvu amakhulu, obukhomanisi, eshwiza phezu komhlaba. Ngibona amabandla ngegama nje ethatha umgomo wawo wokumelana neBandla laKho, ezama ukubalahla ngecala, ethi, "Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kuyiphutha. Yisigejane sobuhlanya." Umthetho osavivinywa eHlala-Mongameli lakithi uqobo, ukuba uLivale.

123 O, kodwa, Nkulunkulu, ngolunye usuku, ngihlezi lapho futhi ngibona labobantu abanobungcwele, bonke bekhanyiswe ngaMandla kaNkulunkulu, ukubheka ebusweni babo futhi

ubone inkazimulo kaNkulunkulu! Bangafana nabantwana bamaHeberu esithandweni somlilo. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.] "Ngeke size sikhothame phansi. Qhabo. UNkulunkulu unamandla okusikhulula. Uzoza masinya, Nkosi Jesu."

124 Futhi ngiyabona ihora seliyaqalisa, lapho, "Isimo sokumesaba uNkulunkulu abantu abanaso, kepha aMandla akho bewaphika; labo-ke wobagwema," Washo njalo, uMoya ukhuluma ngezinsuku zokugcina. Nakhu sikulolosuku, namhlanje.

125 Nanti ibandla lethu elincane lihlezi lapha, Nkosi, abesilisa nabesifazane engikholwa ukuthi bayaKuthanda. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lowoMoya owagcwalisa eziningi izinhliziyo zabo, ezinsukwini ezedlulayo, manje uzoza ujule kakhulu, kwande. Kwangathi bangalahla yonke inhliziyo embi, yonke imibango, yonke into engafani naWe, futhi banyakaze benyuke namhlanje. Hhayi emkhombeni, kodwa baye eKalvari. Hhayi eKalvari ngempela ngempela, kodwa kuKristu, ithemba leNkazimulo, ubuNkulunkulu bukaNkulunkulu, ubuhle obukhulu bukaNkulunkulu, aMandla kaNkulunkulu asesenhliziyweni yethu manje, ezama ukusidonsela ngaphandle kwezinto zezwe, ukuze Asikhiphe kulomhlaba ngoluny'usuku, siye eZweni elingcono. Nkulunkulu, siphe khona namhlanje. Yizwa umkhuleko wenceku yaKho, futhi ukhulume kubantu.

126 Uma ekhona olahlekileyo, phakathi lapha, noma ubani ongenawo uMoya oNgcwele, kwangathi bangawemukela kuWe, kulokhu ukusa. Siphe khona, Nkulunkulu othandekayo, ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho ethandiweyo ethandekayo, uJesu; Owathi eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula wazalelwa emkhombeni, Owahlupheka iminyaka engamashumi amathathu-nantathu kamuva eKalvari, ngenxa yezono zethu, Owenyukela Phezulu, ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, izinsuku ezingamashumi amane kamuva. Wemukelwa phezulu eNkazimulweni, kwase kuthi ezinsukwini eziyishumi kamuva uyafika futhi ngaMandla kaMoya oNgcwele, futhi manje uhlala eBandleni. Futhi masinya, ngalawoMandla afanayo aMvusayo, uMoya oNgcwele eBandleni, ukulikhipha. O Nkulunkulu, woza, Uzoza, futhi usindise iBandla na? Ngokuba sikucela eGameni laKhe.

127 Usakhothamise ikhanda lakho, sizocula, *UyaBiza Namhlanje*. Uma ekhona lapha ongenaye uKristu, ongenaye uNkulunkulu, ongenalo ithemba, ungeza manje na?

Uyabiza namhlanje!
Uyabiza namhlanje!
UJesu uyabiza,
Ubiza ngomusa namhlanje.

UJesu ubiza ngomusa namhlanje,
Uyabiza namhlanje!

128 Ngabe awunaNkulunkulu, awunathemba, awunaKristu na? Uyayiqonda i. . .?. . .ukuthi awunakho ukuphila okugcwele kweZwi likaNkulunkulu na? Ungeze yini na?

. . .kude kakhulu.

Biza, Uyabiza namhlanje!
Uyabiza namhlanje!
UJesu uyabiza namhlanje,
Ubiza ngomusa namhlanje.

129 Lalelani, uBaba ulapha futhi U—Ufuna ukunisindisa uma ningasindisiwe. Ngiyazi aninjalo; mina. Kodwa, lalelani, bangane, ngifuna ukunenzela into ethize kulokhu ukusa, nisamile lapha. Ngifuna nje nivale amehlo. Ngifuna ukwehlisa ikhethini lapha futhi nginidedele nibuke ngale ndawondawo. Sizothi ukuvakasha kancane, kulokhu ukusa, manje esashaya amanothi aleloculo. Ngizokwehlisa ikhethini, kulabo nje abahlezi kuleliTabernakele, abancane nabadala nabobonke.

130 Ngizobheka ngale kumasangokazi asesiHogweni, okwesikhashana, kulokhu ukusa. Bayazi phansi lapho ukuthi yisikhathi sikaKhisimuzi phezulu lapha. Bayakwazi abakwenze ngesikhathi sikaKhisimuzi. Abanye babo uphuzile, abanye babo bagijima bajikeleza, abanye wayesebandleni, abanye babhuqa, abanye bahlekisa. Ukuba-ke lolu olugaqayo, uhlaka olumathambo belungabuyela kulomnyango wendlu yokukhonzela kulokhu ukusa na? Niyazi, ngoKhisimuzi ozayo ningahle nibe lapho. Ningahle ukuba benilapho unyaka, ngoKhisimuzi ozayo. Kodwa, khumbulani, niphathelene nemiphefumulo yabantu; niphathelene nezinto zikamoya, futhi ngamunye wenu uzofanele aphendule ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngingakhuluma kuphela isiminya. Ngingathi kuphela, uma ningakamemukeli uKristu kulokhu ukusa, Umi emnyango ovulekile. "UNgibukele phansi."

131 Nawe wena onoMoya oNgcwele, khumbula, uzokwahlulelwa ngalokho okwenzile ngaWo. Ungahle ukuba umamukele uKristu, ngoMoya oNgcwele, kodwa uyolahlwa; wonke umuntu wehlulelwa ngemisebenzi eyenziwe emzimbeni wakhe. Emva kokuba sewemukele uMoya oNgcwele, wenzeni ngaWo na? Ukhulumile yini ngomakhelwane wakho na? Uzenzile yini izinto ngokungafanele na? Uma ukwenzile, khumbula, ngizoqala impilo kabusha khona manje. Thana, "Nkosi Jesu, namhlanje, kusukela manje kuqhubeke, ngizoba yilokhu Ofuna ngibe yikho. Ngiyaqonda ukuthi yingxenye engafiyo kaNkulunkulu, noMoya kaNkulunkulu uhlala emzimbeni wami. Futhi uma mina—uma mina bengisephutheni, Ungithethelele manje. Ngi—ngifuna ukuza ekhaya. Ngi—ngifuna ukuba ngcono."

132 Mvivinye phakathi lapho, kulokhu ukusa, kanjalo nje. Vele nje umise isandla sakho, wenzele mina, emuva lapho. Uthi, "Ngifuna ukuqala kabusha namhlanje, Mfowethu Branham." Nesami isandla siphakeme, futhi; ngizoqala kabusha. Ngifuna ukuMenzela okunye okuningi kunalokho engake ngakwenza! Ngabe u. . .?. . .

133 Enye yezindaba ezidabukisa ukwedlula zonke kwengake ngazizwa, ngesinye isikhathi. Inkosazana, iyintombi eyeyisa kabi. Yayisekhaya elihle; ngakhuluma kuyo ngoKristu. Uyi—uyise wathi, "Ngiyakhokha, yona, ilunga." Yini umphakathi na? Izodibana nalelozinga labantu ngoba i. . . Manje, khumbulani, njengomphakathi, ungajika wena uqobo uye entweni ethiwa yisithembu. Kodwa yathola imfundo ephambili. Ngenkathi isilungiselela ukuphumelela, iya emphakathini, futhi ihamba nabamazinga ehlukile omuhle wesilisa. Ukufa kwashaya. . .?. . . uhlobo oluthize lokumelwa yinhliziyo. Konke. . .?. . . okungukuthi, yaya kwenye indawo.

134 Yiyiphi indlela ohamba ngayo kulokhu ukusa na? Uphuphelani na? Angikhathali ukuthi nhloboni yeqembu enjani, ngamunye wenu, nizoya ePhakadeni ngolunye lwalezizinsuku. Futhi ngaphandle kukaKristu, ngaphandle koMoya oNgcwele, umphefumulo wakho ulahlekile. Kukhumbule lokho.

135 Ningeke nahlangabezana nalokho kodwa kuphela ngokwemukela uKristu, ngoMoya oNgcwele. Uma Uphakathi kini, UngaMandla kaNkulunkulu. Philani ngaWo. UnguNkulunkulu phakathi kini. IBhayibheli lathi, "Niba ngonkulunkulu."

"Uphezu kwami, O Nkulunkulu." NoJesu wathi ku. . .

AbaFarisi lapho, bathi, "Uzenza uNkulunkulu."

Wathi, "Akulotshiwe yini emthethweni wakini, ukuthi, 'ningonkulunkulu na'?"

Wenza uMose waba ngunkulunkulu kuFaro.

136 Futhi Wakwenza wena waba ngunkulunkulu kubantu. Kunjalo. Futhi nina, kulokhu ukusa, niyizincwadi ezilotshiwe zikaNkulunkulu. Izimpilo zenu—zenu ngezikaNkulunkulu, futhi iphethe ngisho lowoMoya oNgcwele.

137 Bukani lapha, bangane, ningakuvumeli lokhu kunedlule. Ningakuvumeli nje lokhu kuzedlulele njengento encane nje eyinsumansumane! . . .?. . .

138 Baba, siza kulokhu ukusa, njengabantwana baKho abazithobile. Ngiyaqonda ukuthi—ukuthi siphila ehoreni lokugcina, isikhathi sokuvala, kukhona into engenzeka noma yinini. Owesilisa, abesifazane, abafana, noma amantombazane, lapha, abanaye uNkulunkulu. Futhi ngikhuleka kuWe, Baba, yiba nesihawu. Ngikhuleka kuWe, yiba nesihawu kulabo abemukelile, futhi bengaqondi ukuthi Useduze, enhliziyweni

yabo phakathi. Futhi beqonda lokho izinto ezincane zezwe, ngeminako, ngokufayo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi wonke umuntu lapha kulokhu ukusa uzozehlukaniselela Wena ngempela, ngezinsuku ezizayo ezizofika, futhi akunandaba ukuthi sizolinda isikhathi eside kangakanani ngaphambi kokuFika kwaKho. Sikholwa ukuthi sekuseduze khona manje.

139 Futhi emva kwesikhashana, abantu bazozama ukuthi bathole ukusindiswa. Ngicabanga ngalabobantu abasha ngalobobusuku, phansi lapho ealtare, bezama ukusindiswa, kodwa base beqe umugqa. Akukho kuhlengwa kubo; base behambile, babengeke besakwazi ukusindiswa.

140 Baba, nje ngi—nje ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa, ngamunye, ngenkathi sisekhona isikhathi sethu, Baba, ukuthi bazokwemukela namhlanje. Ngokuba sikucela kuJesu Kristu. Amen.

141 Asisukume. Bangaki abaMthandayo ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Anifuni yini nje ukusondela eduzane kakhulu kuYe, niMthande ngokuthe xaxa nje na? Asicule elithi *Ngi—Nginikela Konke,* lapho siphakamisela izandla zethu kuYe, kulokhu ukusa,. . .?. . . Nizokwenza lokho na? Sinike ukhiye lapho, dade.

> Nginikela, nginikela konke, (yonke imikhuba
> yakho oyejwayele, zonke izindlela zakho)
> Nginikela, nginikela konke,
> Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
> Nginikela konke.

Ukusho ngempela na?

> Nginikela, nginikela konke,
> Nginikela, nginikela konke,
> Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
> Nginikela konke.

142 O Baba, yiba nesihawu. SiyaKuthanda, kakhulu impela, Nkosi. Ngezinye zalezizinsuku icilongo lizokhala. Ngingahle ngibe phandle ensimini ndawo ndawo. Nkosi, ngiyobe ngicabanga ngebandla ngalesosikhathi. Lapho imimoya iqala ukuhewula, izwe liqale ukungqangqazela. Abanye bathi, "Yini indaba na?" Izibhakabhaka zijika ziba bomvu, ihora lokwahlulela selisondele. Ngiyocabanga, "O, uphi uMfowethu Graham na? Uphi u. . .O, sebesekhaya." Kodwa, Baba, ngalesosikhathi, emva kwesikhashana, siyozwa umsindo sengathi asikaze siwuzwe ngaphambili, iCilongo; iNgelosi ibetha iCilongo. O Nkulunkulu, labo abangene ekamelweni lokufa, bayovuka. Ukuthi ukumemeza kakhulu kuyozwakala kanjani, "Yini indaba ezweni na? Ngeke sime sithule. Futhi liyangqangqazela." Futhi-ke siyohlwithwa kanyekanye ukuba siYihlangabeze emoyeni.

143 O Baba, uma ukufa kuyofika ngaphambi kwalesosikhathi, ngiqonde ukufa ngokwemvelo kokwehlukana kwalomhlaba lapha, kwangathi singangena emakamelweni, sinokukholwa kobuqhawe, sizisonge ngengubo kaKristu, uMoya oNgcwele. Ngolunye usuku sizofanele size sehlele lapho, Baba. Futhi ngiyaqonda ukuthi ngifanele ngihambe ngalowomugqa, nami. Ukhona phandle lapho phambi kwami ndawondawo, lelohora engingena ngalo kulelokamelo lokufa. Lapho ngizwa umusho wami ufundwa, angifuni ukuhamba njengegwala. Ngifuna ukuhamba njengoba Wahamba, Nkosi. Ngingazami ukuzisonga ngengubo engeyami; kodwa ngisongwe ngengubo kaKristu, uMoya oNgcwele, konke kimi, njengoba kwenza uPawulu, futhi wathi, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?" Ngingene kulelokamelo elimnyama phakathi kwalabo abafileyo: ngilalele-ke iphimbo laKhe, leNgelosi enkulu eyobetha, futhi siyobizwa siphume phakathi kwabafileyo, ukuba sihlangane nabathandekayo bethu futhi.

144 O Nkosi, uma sigeja lokho empilweni, impilo ibingelutho kithi; sehlulekile. Kodwa uma siMfumana Lowo Oyigugu enhliziyweni yethu, khona-ke sifumane yonke inhloso kaNkulunkulu.

145 O, siMthanda kangakanani pho, kulokhu ukusa! Kwangathi wonke umKristu, kulokhu ukusa, angabona umbono masinya, Nkosi. Ihora liya ngokushiywa yisikhathi manje, futhi ngikhulekela ukuthi Uzosivumela sibone umbono futhi sibambe ukuPhila, namhlanje, futhi siphile njalonjalo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

146 Niyathandana na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Phendukani nixhawulane, nithi, "UNkulunkulu akubusise. UKristu abe nawe." Esikhundleni sika "Khisimuzi oMuhle," thana, "UKristu abe nawe," lapho uphenduka. Manje ningaqale nihambe, phendukani nje bese nithi, "UKristu abe nawe." [UMfowethu Branham uyaphenduka futhi uthi, "UKristu abe nawe," komunye.] "Konke . . . " Manje umzuzwana nje.

> Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe yo,
> Nginikela konke.

147 Ngani, bengicabanga ukuthi bese lishayile eleshumi nambili. Sekushaye eleshumi nanye, futhi bengicabanga ukuthi bese kuyimizuzu engamashumi amabili lishayile eleshuim nambili. Nje . . . [Udade uthi, "Asihlale elinye ihora."] Uthini? Amen.

148 Wonk'umuntu uyayithanda iNkosi na? Thanini, "Ayibongwe iNkosi!" [Ibandla lithi, "Amen! Ayibongwe iNkosi!"—Umhl.] Ake sibe ne—elincane nje . . . nje i . . . nje manje nje cishe amathathu noma amane amazwi obufakazi, njengokuthi, "Ngiyamthanda uJesu." Shonini nje . . . kungabi ngaphezu kwalokho. [Omunye uthi, "Ngiyamthanda uJesu."] Kuhle.

Omunye futhi. [Abantu abaningi bathi, “Ngiyamthanda uJesu!”] NgiyaMthanda! NgiyaMthanda! O Jesu!

> Jesu, Msindisi, ngikhaphe
> Phezu kolwandle lwesivunguvungu sempilo!
> Amagagasi angaziwa phambi kwami ayagubha,
> Ngihole ngedlule edwaleni, futhi usindise umphefumulo,
> Imephu nenkombandlela kufika . . .

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org